


**NguMongameli uHenry B. Eyring**
Ikhansela Lokuqala kubuMongameli Bokuqala

# UbuFakazi neNguquko

Kukhona umehluko phakathi kokuthola ubufakazi beqiniso nenguquko yeqiniso. Njengesibonelo, umPhostoli omkhulu uPetru wathula ubufakazi bakhe kuMsindisi ukuba wayazi ukuthi uJesu wayeyiNdodana kaNkulunkulu.

"[UJesu] wathi kubo, Nina-ke nithi ngingubani na?

"Futhi uSimoni Petru waphendula wathi, Wena unguKristu, iNdodana kaNkulunkulu ophilayo.

"UJesu waphendula wathi kuye, Ubusisiwe wena, Simoni Ka-Jona: ngokuba inyama negazi akukwambulelanga lokhu, kepha uBaba wami oseZulwini" (Mathewu 16:15–17).

Kepha emuva kwalokho, enkulumeni Yakhe noPetru, iNkosi yanika yena kanye nathi isiyalo sokuguquka ngokweqiniso futhi nokwandisa leyonguquko impilo yethu yonke. UJesu wakusho ngalendlela: "Wena nxa usuguqukile, uqinise abafowenu" (uLuka 22:32).

UJesu wafundisa uPetru ukuba kwakukhona inguquko enkulu eyedlula ukuba nobufakazi iye ekukhoneni ukucabanga, ukuzwa kanye nokwenza njengabafundi bakaJesu Kristu abaguquke ngeqiniso. Yiloloshintso olunamandla esilicingayo sonke. Uma sesilutholile, siyaludinga loloshintsho ukuba siqhubeke kuze kube yisekugcineni kwesivivinyo sethu senyama (bona u-Alima 5:13–14).

Siyazi ngezehlakalo zethu nasekuboneni abanye ukuthi ukuba nezikhathi ezimbalwa ezinkulu eziza ngamandla omoya ngeke kwanele. UPetru wanqaba ukuba wayemazi uMsindisi emuva kokuba athola ubufakazi ngoMoya ukuba uJesu wayenguKristu. Abafakazi Abathathu beNcwadi kaMormoni babenobufakazi abanikezwa bona ukuba iNcwadi kaMormoni yayiyizwi likaNkulunkulu, kepha emuva kwesikhathi bathikamezeka ekwazini kwabo ukusekela uJoseph Smith njengomphrofethi weBandla leNkosi.

Sidinga ushintsho ezinhliziyweni zethu, njengoba kuchaziwe encwadini ka-Alima: "Futhi bonke ngempela bamemezela ebantwini into efanayo—ukuthi izinhliziyo zabo zase zishintshile; nokuthi bona base benganasifiso sokwenza okubi" (u-Alima 19:33; bona futhi uMosiya 5:2).

INkosi yasifundisa ukuthi ngesikhathi sesiguquke ngeqiniso kwivangeli Lakhe, izinhliziyo zethu zizophenduka ekuzicabangeleni ziphendukele ekusebenzeleni ukuphakamisa abanye ngesikhathi benyakazela ngaphezulu ekuyeni empilweni engunaphakade. Ukuthola leyonguquko, singathandaza futhi sisebenze ngokholo ukuba sibe ngabantu abasha ngenxa yeNhlawulo kaJesu Kristu.

Singaqala ngokuthandazela ukholo lokuphenduka ekuzicabangeleni thina futhi nesipho sokunakekela abanye ngaphezu kwethu. Singathandezela amandla okubeka eceleni ukuziqhenya nokufisa okwabanye okanye ukungeneliseki.

Ukuthandaza kuzoba ukhiye futhi wokuthola isipho sothando lezwi leNkosi nothando lukaKristu (bona uMoroni 7:47–48). Okubili kwahlangana. Ngesikhathi sifunda, sicabanga futhi sithandaza ngezwi leNkosi, sizofika ekulithandeni. INkosi ilibeka ezinhliziyweni zethu. Ngesikhathi silizwa lolothando, sizoqala ukuthanda iNkosi kakhulu. Nangalokho kuzoza uthando lwabanye esilidingayo ukuze siqinise labo uNkulunkulu ababeka endleleni yethu.

Njengesibonelo, singathandazela ukubona labo iNkosi engafuna abafundisi bezenkolo bebafundise. Abafundisi bezenkolo abasemthethweni bengathandaza ngokholo ukuba bazi ngokoMoya ukuba yikuphi abangakufundisa futhi bakufakazele. Bangathandaza ngokholo ukuba iNkosi ingabavumela ukuba bezwe uthando Lwakhe labo bonke abantu abazohlangana nabo. Abafundisi bezenkolo angeke belethe wonke umuntu abahlangana naye emanzini okubhabhadiswa nasesiphweni soMoya oNgcwele. Kepha bengaba noMoya oNgcwele njengomlingani. Ngokusebenza kwabo nangosizo likaMoya oyiNgcwele, abafundisi bezenkolo, ngokuhamba kwesikhathi, bazoguquka ezinhlizwiyeni zabo.

Loloshithso luzovuselelwa kabusha futhi ngesikhathi bona kanye nathi siqhubeka sisebenza impilo yethu yonke ngokholo ukuba siqinise abanye ngevangeli likaJesu Kristu. Inguquko akuyona into eyenzeka ngesehlakalo esisodwa noma into ezohlala isikhashana esisodwa sempilo kepha kuzoba yinto eqhubekayo. Impilo ingakhanya kakhudlwana kuze kube usuku olupheleleyo, ngesikhathi sizobona uMsindisi futhi sithole ukuthi sesifana njengaYe. Inkosi yachaza uhambo ngalendlela: "Lokho okungokwaNkulunkulu kungukukhanya, futho loyo okutholayo ukukhanya, futhi aqhubeke kuNkulunkulu, uthola ukukhanya okwengeziwe, futhi lokho kukhanya kukhazimula kakhulu kuze kube usuku olulungileyo" (D&C 50:24).

Ngininikeza isiqiniseko sokuthi lokho kungenzeka kithi sonke.

### UKUFUNDISA OKUVELA KULOMLAYEZO

Igosa uDavid A. Bednar womGwamanda wabaPhostoli abaliShumi namBili wasebenzisa "umfanekiso wephikili" ukufundisa ukuthi inguquko into ethatha isikhathi kunokuba yisehlakalo esisodwa: "Umugqa nomugqa, umyalelo nomyalelo, ngokunyukela futhi ngokucishe kungabonakali, izizathu zethu, imicabango yethu, amazwi ethu, futhi nezenzo zethu kuhambisana nentando kaNkulnkulu" ("Ye Must Be Born Again," *Liahona,* May 2007, 19). Cabanga ngokubuyela kumfanekiso wephikhili nalabo obafundisayo. Yini esingayenza umuntu ngamunye ngamunye ukuba siqhubekele phambili ngokubekezela kumsebenzi onyukelayo lowo uMongameli Eyring neGosa Bednar abaxoxa ngawo?

© 2015 ngo Intellectual Reserve, Inc. Wonke amalungelo agciniwe. Kushicelelwe e-USA. Isingisi esivunyelwe: 6/14. Ukuhumusha okuvunyiwe: 6/14. Ukuhumshwa ko *First Presidency Message, February 2015.* Zulu. 12582 783

## INTSHA

### Inguquko Yami yeNhliziyo

**NguDante Bairado**

Ngesikhathi ngiqala ukufunda ngevangeli elibuyisiwe likaJesu Kristu, ngezwa uMoya ufukazi ngeqiniso balo. Ngomthandazo, ubufakazi bami baba nokuqiniseka kwakongeziwe, futhi ngakhetha ukubhabhadiswa.

Maduze kokubhabhadiswa, abantu ewadini lami baqala ukungibuza ukuba ngangizizwa kanjani ngokuya kwimishini. Ukukhuluma iqiniso, ngangingazi kahle-hle ukuthi ngithini. Umcabango wokushiya umndeni wami nesikole ukuya kwimishini wawubukeka njengomsangano.

Ngase ngolonye usuku ngacabanga ngenguquko yami. Ngakhumbula abafundisi bezenkolo ababengifundisile, abaphendula imibuzo yami ngesineke futhi bangisiza ngiqonde ivangeli. Ngabona ukuthi ngaphandle kosizo lwabo, ngangingeke ngithole iBandla leqiniso. Ngesikhathi ngikubona lokhu, uthando lokusebenza laqhakaza enhlizwiyeni yami. Ngawuzwa uMoya ungitshela ukuthi kumele ngizinikele kwimishini esemthethweni.

Ngiyazi ukuthi umsebenzi wezenkolo ungumsebenzi kaBaba OseZulwini nokuthi singasiza ekuletheni imphefumulo olwazini oluhle levangeli elibuyisiwe.

*Umbhali uhlala eFortaleza, eBrazil.*

## IZINGANE

### Dedela ubuFakazi Bakho buVuthe ngokuQhakaza

Ukuthola ubufakazi kufana njengokwakha umlilo. Njengoba kumele sifake izinkuni ukugcina umlilo uvutha, kumele sithandaze, siguquke, sisebenzele abanye, sifunde imibhalo engcwele, futhi sigcine imiyalo ukusiza ubufakazi bethu buqhakaze.

Ukufunda kabanzi ngokwakha ubufakazi bakho, funda imibhalo engcwele ebhalwe ngaphansi. Dweba umlilo onamalangabi amahlanu. Dwebela ilangabi elilodwa ngombhalo ongcwele owufundayo. Uma ufunda imibhalo engcwele eminingi, umlilo wakho uzoqhakaza—kanye nobufakazi bakho!

uMosiya 2:17.
3 Nefi 15:10
u-Alima 5:46
uJohane 5:39
u-Alima 32:27

# Umumo kaJesu Kristu: OngenaSono

*Ngomkhuleko funda lemibhalo futhi ufune ukwazi ngalokho ongabelana ngakho. Ukuqonda impilo kanye nezindima zikaMsindisi kuzokhulisa kanjani ukholo lwakho kuYena futhi kubusise kanjani labo obaqaphile ngokufundisa ngokuvakasha? Ukuthola ulwazi olwengeziwe, iya ku* ***www.reliefsociety.lds.org****.*

**Ukholo, Umndeni, Inkululeko**

*Lena yingxenye yiMilayezo yokuFundisa ngokuVakasha elandelanayo ephathelene nomumo woMsindisi.*

UMsindisi wethu uJesu Kristu, kwakunguye yedwa owayengakwazi ukwenza inhlawulo yabantu. "UJesu Krsitu, imvu enganasici, wazibeka efuna kwi-altha yomnikelo wakhokha inani lezono zethu," kwasho uMongameli Dieter F. Uchtdorf, Ikhansela lesiBili kubuMongameli bokuQala.[1] Ukuqonda ukuthi uJesu Kristu wayengenasono kungasisiza ukuba sikhuphule ukholo lwethu kuYe futhi sizame ukugcina iziyalo Zakhe, siphenduke, futhi sibe msulwa.

"UJesu waye . . . ngumuntu wenyama nomoya, kepha wangayengeka ekulingweni (bona uMosiya 15:5)," kwasho iGosa D. Todd Christofferson womGwamanda wabaPhostoli abayiShumi namBili. "Singaphendukela kuYe . . . ngoba uyaqonda. Uyakuqonda ukuzabalaza, futhi uyaqonda ukuba singawunqoba kanjani umzabalazo. . . .

". . . Amandla eNhlawulo Yakhe engasusa imbandela yesono kithi. Ngesikhathi siguquka, umusa Wakhe wenhlawulo uyasilungisa futhi usihlanze (bona u-3 Nefi 27:16–20). Kuba sengathi asihlulekanga, sengathi asingenanga esilingweni.

"Ngesikhathi sizama usuku nosuku nesonto nesonto ukulandela indlela kaJesu Kristu, umoya wethu utshengisa amandla wawo, impi ngaphakathi iyehla, nezilingo ziyeka ukusiphazamisa."[2]

### *Eminye imiBhalo eNgcwele*

uMathewu 5:48; uJohane 8:7; amaHebheru 4:15; 2 Nefi 2:5–6

### *Kuvela embhalweni Ongcwele*

UMsindisi wakhokha inani lezono zethu ngenxa yobuDodona Bakhe obungcwele, impilo Yakhe engenasono, ukuhlupheka Kwakhe nokuphalalisa kwegazi Lakhe eNgadini iGetsemane, ukufa Kwakhe esiphambanweni kanye nokuVuka Kwakhe ethuneni. NgeNhlawulo kaJesu Kristu, singahlanzeka futhi ngesikhathi siphenduka ezonweni zethu.

INkosi uBenjamin yafundisa abantu ngeNhlawulo kaJesu Kristu wase ebuza ukuba bayawakholwa yini na amazwi akhe. "Bona bonke bakhala ngazwi linye, bethi: . . . uMoya . . . wenze ushintsho olukhulu kithi, noma ezinhliziyweni zethu, kangangokuthi thina asisenalufundululu lokwenza okubi, kodwa sifuna ukwenza okuhle njalo njalo. . . .

"Futhi thina sizimisele ukungena esivumelwaneni noNkulnkulu wethu ukuthi senze intando yakhe, futhi silalele imiyalo yakhe ezintweni zonke" (Mosiya 5:1–2, 5).

Nathi singaba "noshintsho olukhulu" njengabantu beNkosi uBenjamin, ababengasanalo "ufundululu lokwenza okubi, kodwa ukwenza okuhle njalo njalo." (Mosiah 5:2).

**AMANOTHI**

1. Dieter F. Uchtdorf, "Ungakwenza Manje!" *Liahona,* Nov. 2013, 56.
2. D. Todd Christofferson, "That They May Be One in Us," *Liahona,* Nov. 2002, 71.

### *Cabanga Ngalokhu*

Ukuba msulwa kuhluke kanjani kunokulunga?

© 2015 ngo Intellectual Reserve, Inc. Wonke amalungelo agciniwe. Kushicelelwe e-USA. Isingisi esivunyelwe: 6/14. Ukuhumusha okuvunyiwe: 6/14.
Ukuhumshwa ko *Visiting Teaching Message, February 2015.* Zulu. 12582 783